# Amaphasiwedi

Ababambiqhaza bazofunda indlela yokugcina ukwaziswa kwabo kwi-inthanethi kuphephile ngokusebenzisa nokuqhubeka besebenzisa amaphasiwedi anamandla. Ababambiqhaza bazofunda ngezimiso zokuklama amaphasiwedi anamandla, nangezinkinga ezingabangelwa ukwabelana ngephasiwedi. Bazofunda nangokugcina amaphasiwedi abo ephephile, kanye nokuthatha izinyathelo zokuvimbela izimvume ezingagunyazwanga kuma-akhawunti abo.

## Izinto

Iphepha Lokufunda Ngamaphasiwedi

# Okuyisisekelo Ngephasiwedi

## Ingxenye 1

**Tshela Abafundi Bakho**

Asivamanga ukucabanga kakhulu ngamaphasiwedi esiwasebenzisa ezingosini, ezinhlelweni, nasezinsizeni. Nokho, ukuthi amaphasiwedi akho anamandla kangakanani yikona okunquma ukuthi iphephe kangakanani imininingwane yakho.

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Hilela ababambiqhaza engxoxweni usebenzisa le mibuzo elandelayo. Sicela ukhumbuze ababambiqhaza ukuthi kubalulekile ukungabelani ngamaphasiwedi abo phakathi nalesi sivivinyo noma kunoma ngabe yisiphi esinye.

**Buza Abafundi Bakho**

Mangaki amaphasiwedi onawo?

> Ingabe unephasiwedi ehlukile kwi-akhawunti ngayinye ye-imeyili noma eyomthombo wezokuxhumana?
>
> Ingabe ahluke kakhulu noma wonke alandela emzileni wephasiwedi eyodwa?

Uma unamaphasiwedi angaphezu kweyodwa, uyikhumbula kanjani ngayinye yawo ukuthi ingeyayiphi i-akhawunti?

**Buza Abafundi Bakho**

Usuyikhohlwe kaningi kangakanani iphasiwedi ebalulekile?

> Yini oyenzile lapho ukhohlwe iphasiwedi yakho?
>
> Wenza kanjani ukuba kube lula ukukhumbula iphasiwedi yakho?

Ingabe ikhona iphasiwedi oyisebenzisa nsuku zonke?

Kungenzekani uma -- ngokungazi -- othile engathola ukuthi ithini iphasiwedi yakho?

> Ingabe kuzoya ngokuthi ngubani lowo muntu?

Hlobo luni lwemininingwane othile angayithola ngawe uma esebenzisa iphasiwedi

yakho ukuze angene kwi-akhawunti yakho?

# Ingxenye 2

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Hlela ababambiqhaza ngababili.

**Tshela Abafundi Bakho**

Ninomlingane wakho, xoxisanani ngalokho okungenzeka uma othile obefuna ukudala inkinga ethole iphasiwedi yepulatifomu yomthombo wezokuxhumana owuthanda kakhulu.

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-5 yokuxoxa. Bese ucela amaqembu abelane.

**Tshela Abafundi Bakho**

Manje khulumisana nomlingane wakho ngalokho okungenzeka uma umsongeli engathola iphasiwedi ye-akhawunti yebhange lomzali / okunakekelayo.

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-5 yokuxoxa. Emva kwalokho, cela amaqembu abelane ngalokho axoxisene ngakho.

# Ingxenye 3

**Tshela Abafundi Bakho**

Mhlawumbe uyazibuza ukuthi umsongeli angayithola kanjani iphasiwedi eyimfihlo kangaka. Kunezindlela ezimbalwa; enye yazo kungobunjiniyela bezokuxhumana -- noma ngokuphamba othile ukuba abelane ngephasiwedi yakhe. Umsongeli angenza lokhu ngokuthumela i-imeyili engabonakala kwangathi ivela kwipulatifomu noma ingosi yangempela yalapho lowo muntu ene-akhawunti khona. I-imeyili ingacela umuntu ukuba achofoze ilinki bese angene ngegama lomsebenzisi nephasiwedi yakhe; lapho lowo muntu engena, lokhu kwaziswa kube sekutholakala kumsongeli.

Abasongeli ngezinye izikhathi bazama ukuqagela amaphasiwedi ngokusebenzisa uqoqwana lwezinhlamvu elivamile njengo “password123,” “tetst,” noma igama lakho noma isibongo.

Enye indlela abasongeli abathola ngayo amaphasiwedi ayimfihlo ibizwa ngokusahlela kwe-“Brute Force.” Ukusahlela kwe-brute force kwenzeka uma

umsongeli ezama ukungena kwi-akhawunti yakho ngokuzama amaphasiwedi amaningi ahlukahlukene. Nakuba umsongeli engenza usahlelo lwe-“Brute Force” ngesandla, ngokuvamile lwenziwa ngohlelo lwekhomphyutha olusebenza ngokuzenzakalelayo oluzama kaninginingi ukuzihlanganisela iphasiwedi okungaba yiyo. Ngokwesibonelo, uhlu lwamaphasiwedi okungaba yiwo, noma uqoqo lwamaphasiwedi anenhlanganisela yezinhlamvu nezinombolo ezihlukahlukene, kuze kube yilapho bethola iphasikhodi okuyiyona.

Yiqiniso ukuthi okunye ukusahlela kwe-“Brute Force” kuthuthuke kakhulu. Uma iphasiwedi yakho isohlwini lwamaphasiwedi avame ukusetshenziswa, njengethi “fido123” noma “password,” kuyasho ukuthi ezinye izinhlelo zingayiqagela kalula ngokuzama kaningana kuze kube yilapho ziyithola. Usahlelo lungahlungwa kakhudlwana uma umsongeli kunemininingwane ayaziyo ngawe. Ngokwesibonelo, uma umsongeli azi igama lesilwane osifuyile ukuthi ngu-Toby, angazama u-‘Toby’ nezinombolo ezihlukahlukene ekugcineni (isib., ‘Toby629,’ noma ‘Toby3020’).

# Imiklamo Yezimiso

## Ingxenye 1

### Buza Abafundi Bakho

Ubani owaziyo ukuthi kusho ukuthini ukuba nephasiwedi “enamandla” noma “enamandla kakhulu”? Kungani leli kuyicebo elihle?

### Tshela Abafundi Bakho

Iphasiwedi enamandla isiza ekuvikeleni imininingwane yakho. Nakuba ukusebenzisa iphasiwedi enamandla kungaqinisekisi ngokugcwele ukuthi angeke usongelwe, ukuba nephasiwedi ebuthaka kwenza kube bulula nakakhulu ngothile ukuba athole imininingwane yakho.

## Isivivinyo Ngephasiwedi

### Buza Abafundi Bakho

Yiziphi ezinye zezibonelo zamaphasiwedi abuthaka?

1. Ezinye zezibonelo zihlanganisa: Password, 12345, Hello!, usuku lokuzalwa, igama lokudlala.

Kungani ucabanga ukuthi lawa abuthaka?

1. Angaqageleka kalula ngomunye umuntu noma ikhomphyutha esebenzisa usahlelo lwe-“Brute Force.”

Yiziphi ezinye zezindlela ongenza ngazo iphasiwedi enamandla?

1. Ukwengeza izinombolo, izinhlamvu eziphezulu neziphansi zamagama, izimpawu, kwenza iphasiwedi enamandla, futhi ukugweme ukusebenzisa uqoqo lwamagama avamile ahamba wodwa.

### Ukuhileleka Kwekilasi

Emva kokuba ababambiqhaza befake imibono yabo, bhala lezi ziqondiso ebhodini:

Faka okungenani inombolo eyodwa.

Faka okungenani uphawu olulodwa.

Faka okungenani uhlamvu olulodwa oluphezulu lwegama.

Amaphasiwedi kumelwe abe okungenani yizinhlamvu ezingu-7.

Amaphasiwedi kumelwe akhumbuleke kalula (ngaphandle kwalapho uma usebenzisa umlawuli wephasiwedi).

Umlawuli wephasiwedi yingosi / uhlelo olusiza abasebenzisi balondoloze futhi bahlele amaphasiwedi abo.

Amaphasiwedi akumelwe abe yigama elilodwa elivamile noma ukwaziswa komuntu siqu (usuku lokuzalwa, igama lomzali, njll.).

Amaphasiwedi akumelwe abelanwe phakathi kwezingosi.

**Tshela Abafundi Bakho**

Kunezindlela ezimbili zokwenza amaphasiwedi anamandla. Eyokuqala ukulandela “iresiphi yephasiwedi” njengaleyo ebhalwe ebhodini. Ukusebenzisa iresiphi enjalo kukukhuthaza ukuba ufake izinto okungeke kwaba lula ukuziqagela njengamagama/izinombolo kwiphasiwedi, okwenza iphasiwedi ngokwayo kube nzima ukuyiqagela. Kodwa inselele yalokhu wukuthi iphasiwedi enjalo ayikhumbuleki kalula.

## Amaphasiwedi Anamandla

**Tshela Abafundi Bakho**

Enye indlela yokwenza amaphasiwedi anamandla ihambisana nobude bamaphasiwedi. Ngenxa yokuthi amandla ephasiwedi ahlobene nobude bayo, ukusebenzisa udwendwe lwamagama amane angahlobene kwenza kube nzima ngomuntu ukuqagela leyo phasiwedi ngisho nosahlelo lwe-“Brute Force” imbala. Le ndlela inenzuzo eyengeziwe yokwenza kube lula nokukhumbula iphasiwedi kunangendlela yeresiphi.

Okokugcina, umuntu angasebenzisa inhlanganisela yalezi zindlela ezimbili ngokwenza udwendwe lwamagama amane noma ngaphezulu angahlobene, kuhlanganise nezimpawu nezinombolo.

Umgomo walezi zindlela ezihlukene uyafana: ukwenza amaphasiwedi ayingqayizivele nokunzima ngabanye abantu ukuyiqagela.

**Tshela Abafundi Bakho**

Hlela ababambiqhaza ngababili

Ngobubili benu, zamani ukwenza iphasiwedi enamandla nisebenzisa iziqondiso enizibhale ebhodini phambilini. Khumbula ukuthi iphasiwedi okunzima ngekhomphyutha ukuyiqagela kungaba bulula ngomuntu noma ikhomphyutha enohlu lwamaphasiwedi avamile amade ukuyiqagela. Ipheshana elinephasiwedi angeke luqoqwe ekupheleni kwalo msebenzi. Ukhuthazwa ukuba ungasebenzisi le phasiwedi kwenye yama-akhawunti akho, njengoba labo abaseqenjini bangase bazi ngayo.

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-5 yokwenza lokhu. Yibe usuhambahamba egunjini futhi ubuze ababambiqhaza ngalokho abacabanga ukuthi kuyisibonelo sephasiwedi enamandla. Buza ababambiqhaza ukuthi bayayawakhumbula yini amaphasiwedi abawanikezile ngaphandle kokuwabheka ngokuqondile.

Nakuba ezinye izingosi zingadinga ukuba iphasiwedi yakho ihlangabezane nokumbalwa (noma konke) kwale migomo, ezinye azinayo imikhawulo enjalo. Ungenza namaphasiwedi usebenzisa udwendwe lomjikelezo wamagama avamile.

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Kuwona kanye lawo maqembu wababili, ababambiqhaza mabenze amaphasiwedi amasha awudwendwe lwamagama. Batshele ukuthi ukumelwe okungenani kube namagama amane kuphasiwedi ukuze kuyenze ibe namandla futhi kube bulula nokuyikhumbula. Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-5 yokwenza lokhu. Yibe usuhambahamba egunjini futhi ubuze ababambiqhaza ukuthi zithini izibonelo zamaphasiwedi abo. Phinda ukhumbuze ababambiqhaza ukuthi iphepha angeke liqoqwe ekupheleni kwesifundo, nokuthi lawo maphasiwedi akumelwe bawasebenzise kunoma iyiphi yama-akhawunti abo.

**Tshela Abafundi Bakho**

Ezinye izingosi zisebenzisa uhlelo olubizwa ngesiqinisekiso esikaningi (noma two-factor) ukuze ziqinisekise ukuthi uwena. Lezi zingosi zivame ukusebenzisa imilayezo yamagama, uhlelo, noma i-imeyili ukuthumela ikhodi yangakanye okumelwe ifakwe kanye nephasiwedi.

Le ndlela ingenza ama-akhawunti akho aphephe ngokwengeza isembozo sokuphepha okunzima nakakhulu ukusephula. Ngokwesibonelo, ukuze angene kwi-akhawunti yakho, umuntu kumelwe abe nephasiwedi yakho nemvume yohlelo, idivayisi, noma ikheli le-imeyili elihlobene naleyo akhawunti.

# Gcina Amaphasiwedi Ephephile

## Ingxenye Yokuqala

**Tshela Abafundi Bakho**

Ngisho nakuba ungenza iphasiwedi okunzima kangakanani ukuba ingatholwa yikhomphyutha noma umuntu ofuna ukukusongela, zikhona ezinye izindlela iphasiwedi engaba buthaka ngazo.

**Buza Abafundi Bakho**

Yiziphi ezinye zezindlela iphasiwedi engaba buthaka ngazo?

1. Ezinye zezibonelo zihilela: ukusebenzisa iphasiwedi efanayo kuma-akhawunti amaningi, ukusebenzisa iphasiwedi enokwaziswa kwakho siqu, ukusebenzisa iphasiwedi eyodwa iminyaka eminingi, nokukhohlwa iphasiwedi yakho.

Ucabanga ukuthi kumelwe uwashintshe kaningi kangakanani amaphasiwedi akho?

**Tshela Abafundi Bakho**

Ngisho namaphasiwedi anamandla angadelwa noma antshonthwe, kodwa kunezinto ongazenza ukuze uzivikele. Uma kunokwaziswa okuvuzayo engosini one-akhawunti kuyo, qiniseka ukuba ushintsha iphasiwedi yakho kuleyo ngosi nakwezinye izingosi osebenzisa kuzo iphasiwedi efanayo.

Kungaba nzima ukukhumbula udwendwe lwamaphasiwedi anzima.

**Buza Abafundi Bakho**

Ingabe ucabanga ukuthi kuyisu elihle yini ukubhala iphasiwedi yakho ephepheni, noma efayeleni elithile kwikhomphyutha yakho? Kungani noma pho-ke, kungani?

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Yisho izimo ezingenzeka lapho othile ethola lelo phepha noma ethola ukuthi kunefayela elinephasiwedi yakho ekhomphyutheni. Chaza ukuthi enye indlela ukusebenzisa umlawuli wephasiwedi, okuwuhlelo olusiza abasebenzisi balondoloze futhi bahlele amaphasiwedi abo.

## Ingxenye Yesibili

**Tshela Abafundi Bakho**

Nsuku zonke, sisebenzisa ama-akhawunti amaningi ahlukahlukene ezingosini ezahlukahlukene. Kungaba nzima ukungena nokuphuma engosini ngayinye ngaso sonke isikhathi.

**Buza Abafundi Bakho**

Uke wasisebenzisa yini isici esithi “save password” kusiphequluli sakho ukuze ulondoloze iphasiwedi yengosi ethile? Kungani noma pho-ke, kungani?

Uyayiqonda yini indlela leyo ngosi ekhumbula ngayo ukuthi ungubani?

1. Cela izincazelo. Emva kwalokho, chaza ukuthi izingosi zingakhumbula ukuthi uke wangena kuzo ngokugcina ukwaziswa okungamakhukhi. Amakhukhi ngamafayela amancane agcinwa ekhomphyutheni yakho ukusiza ingosi ukuba ikwazi wena nekhomphyutha yakho uma seniyivakashela esikhathini esizayo, ngaphandle kokuphinde ungene. Kodwa, amakhukhi angasetshenziselwa nokukulandelela njengoba uphuma engosini ungene kwenye. Yingakho nemikhangiso ikwazi ukukulandelela nomaphi lapho ungena khona.

Ingabe kulungile yini ukulondoloza iphasiwedi leyo kwikhomphyutha yakho?

**Buza Abafundi Bakho**

Ingabe ikhomphyutha yakho ivulwa ngephasiwedi?

Kuthiwani uma leyo khomphyutha uyisebenzisa nabanye abantu?

1. Kulokhu, ngisho nakuba iphasiwedi yakho esikhaleni sephasiwedi ingafihlwa amacashaza ansundu noma izinkanyezi, abanye abantu abasebenzisa ikhomphyutha yakho bangagcina betholile ukuthi ithini iphasiwedi yakho. Phela ukuthi awukuboni lokho okushiwo yiphasiwedi esikrinini akusho ukuthi ayilondolozekanga ndawana thize.

**Buza Abafundi Bakho**

Zikhona yini izimo lapho kukuhle khona ukwabelana ngephasiwedi yakho? Kunini? Kungani?

1. Ezinye zezibonelo kungaba ukuthi abazali bangafuna amaphasiwedi abo noma mhlawumbe kunephasiwedi yenhlanganyelo/yomndeni kwi-akhawunti yezinhlelo ezinjenge-Netflix.

Ingabe uwabelana nomunye umuntu amaphasiwedi akho? Uma kunjalo, nobani/kungani?

Uma ungumngane osondelene kothile, ingabe uma ebengathi “mawungikhathalela ngempela” lokho bekungakwenza ukuba wabelane naye iphasiwedi yakho? Kungani noma pho-ke, kungani?

**Tshela Abafundi Bakho**

Ungakhetha ukwabelana nothile omkhathalelayo ngephasiwedi yakho, kodwa ukubakhathalela kwakho akusho ukuthi bafanelwe ukuthola imvume egcwele yokungena kuma-akhawunti akho kwi-inthanethi.

Cabangisisa ngobudlelwane onabo nalowo muntu ngaphambi kokwabelana naye, kuhlanganise nokuthi lobo budlelwane bungashintsha ngokuhamba kwesikhathi. Ngokwesibonelo, ukwabelana nomzali/okunakekelayo kuyinketho ehluke kakhulu kunokwabelana nomngane omethembayo.

**Buza Abafundi Bakho**

Kungenzekani uma ungabelana ngephasiwedi?

1. Othile angazingenela kuma-akhawunti akho ebhange ngobugebengu, azenze wena kwi-inthanethi, noma afunde ngezinye zezimfihlo zakho.

Uma wabelene ngephasiwedi kwi-akhawunti, ingabe ubungayisebenzisa ngendlela ehlukile leyo akhawunti?

**Buza Abafundi Bakho**

Zikhona yini izinto obungeke uzibuke ku-Netflix, noma ubhale i-imeyili uma omunye umuntu ebengakubona lokho okwenzayo?

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Ababambiqhaza kumelwe bacabange ngokuziphatha kwabo lapho besebenzisa i-akhawunti yenhlanganyelo. Kumelwe bacabangele ukuthi abakwenza kwi-inthanethi kuyabonakala nakwabanye abasebenzisi abakuleyo akhawunti.

**Buza Abafundi Bakho**

Uma i-akhawunti yakho ikumelela ngokoqobo, njengephrofayela lomthombo wezokuxhumana, kulungile yini ukuvumela abanye abantu ukuba basebenzise leyo akhawunti?

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Xoxani ngokungase kwenzeke lapho othile ezenza wena futhi ethumela imilayezo kubangane bakho.

### Buza Abafundi Bakho

Ingabe uvumela noma iyiphi yamadivayisi akho ukuba ilondoloze amaphasiwedi akho? Kungani noma pho-ke, kungani? Ingabe lokho kusho ukuthi kuphephile ukulondoloza amaphasiwedi akho ocingweni lwakho noma kwikhomphyutha? Kwenzekani uma uvumela umngane aboleke ucingo noma ikhomphyutha yakho?

Akhona yini amadivayisi owabelana nabanye, njengomndeni noma abangane? Ingabe kune-akhawunti yenhlanganyelo kuleyo divayisi, noma umuntu ngamunye uneyakhe?

Ingabe uke usebenzise idivayisi "yeningi," njengeyasemthatsheni, esikoleni, noma kwenye indawo? Ingabe kuleyo divayisi wenza izinto ezifanayo nalezo ovame ukuzenza kwamanye amadivayisi?

## Ingxenye Yesithathu

### Ukuhileleka Kwekilasi

Hlela ababambiqhaza ngababili.

### Tshela Abafundi Bakho

Ngobubili benu xoxisanani ngokuthi nike nangena yini ekhomphyutheni yasesikoleni, yasemtatsheni, noma kwesinye isimo sasemphakathini futhi wabona ukuthi kunothile obesangenile ekhasini lakhe Lomthombo Wezokuxhumana noma kwi-akhawunti yakhe ye-imeyili. Bacele bacabangisise ukuthi bebengalunguza yini kuleyo akhawunti noma benze okunye.

### Ukuhileleka Kwekilasi

Nikeza ababambiqhaza imizuzu engu-5 yokuba baxoxisane bese ubacela ukuba babelane. Hilela iqembu engxoxweni emayelana nokusetshensiswa okungagunyaziwe njengalokho.

# Ukungena Kwi-Akhawunti Okungagunyaziwe

## Ingxenye Yokuqala

**Ukuhileleka Kwekilasi**

Sicela uphawule: Ingxenye yokuqukethwe kwalomsebenzi ihlanganisiwe kwesithi “Umsebenzi #1: Okuyisisekelo Ngephasiwedi.” Siyahoxa ekwahluleleni kwakho ngokuqondene nokuthi ungathanda noma awuthandi ukuphinda lesi sifundo noma uyaseqa.

**Tshela Abafundi Bakho**

Kungenzeka ngabanye ukuba bangene kwi-akhawunti yakho, ngisho nangaphandle kokwazi noma ukuthola iphasiwedi yakho ngokuqagela. Uma othile azi imininingwane eyanele ngawe, angakwazi ukuqagela iphasiwedi yakho, noma ahehe othile kwinkampani ukuba amnikeze ukwaziswa okumayelana nawe. Ngenxa yokuthi abasebenzisi ezobuchwepheshe ukugcekeza i-akhawunti yakho, lolu hlobo lokusahlela lubizwa ngokuthi ukusongelwa kwezokuxhumana noma ubunjiniyela bezokuxhumana.

**Buza Abafundi Bakho**

Phakamisa isandla uma uke wakhohlwa iphasiwedi yakho engosini ethile.

Kwenzekani uma uchofoza kwethi “I forgot my password?”

1. Ngokuvamile ingosi izocela izimpendulo zemibuzo yokuphepha noma izame ukuxhumana nawe isebenzisa inombolo yocingo noma i-imeyili.

Yimiphi eminye yemibuzo yokuphepha evame ukubuzwa yingosi?

1. Chaza ukuthi kungani eminye yale mibuzo abangane noma ojwayelene nabo bangayiphendula noma bayiqagele. Izinto ezinjengokuthi: igama lesilwane sakhe, wazalelwaphi, isibongo sakubo mama, igama likathisha oyintandokazi, igama lomngane wakhe omkhulu, iqembu lezemidlalo eliyintandokazi,

Ubani omunye ongazi lolu hlobo lwemininingwane ngawe?

Ingosi ingakushayela kanjani uma ukhohlwe iphasiwedi yakho?

Ubani omunye ongabona umthombo walabo oxhumana nabo?

**Buza Abafundi Bakho**

Umuntu ongakwazi angazi kanjani ngemininingwane yakho ehlobene nezimpendulo zemibuzo yokuphepha?

1. Okuxhoma emthonjeni wezokuxhumana, osesha ngakho ngeningi kwi-inthanethi, ukuqagela izikhathi ezimbalwa, ukuxhumana nabangane bakho, njll.

Yiziphi ezinye zezibonelo zokuxhonywa emthonjeni wezokuxhumana ezinemininingwane yakho siqu?

1. Ngokwesibonelo, i-Instagram yekati lakho negama lalo kokuhambisana nesithombe, isithombe esinendawo ethegiwe, noma izinsuku zokuzalwa ezixhonywa eningini.

Ungayisebenzisa kanjani i-Google ukuze ufunde ngothile futhi usongele iphasiwedi yakhe?

1. Uma injini yokusesha ikubonisa isithombe sothile eseneminyaka eyisishiyagalolunye ephephandabeni lasesikoleni kwi-inthanethi, ungakwazi ukuthola igama lothisha wakhe owamfundisa eseneminyaka eyisishiyagalolunye.

## Ingxenye Yesibili

**Tshela Abafundi Bakho**

Ukuxhoma imininingwane equkethe izimpendulo zemibuzo yokuphepha kwakho kungaba yingozi kakhulu. Qiniseka ukuba ukhetha imibuzo yokuphepha enezimpendulo ezaziwa uwena kuphela. Ungazenzela nezimpendulo zemibuzo yokuphepha, uma nje uzilondoloza kumlawuli wephasiwedi noma kubulula ukuzikhumbula.

Izingosi zingaxhumana nabasebenzisi zisebenzisa inombolo yocingo noma i-imeyili ehlobene ne-akhawunti yomsebenzisi. Uma umsebenzisi ekhohlwa iphasiwedi yakhe, izingosi zivame ukunikeza iphasiwedi yesikhashana noma i-hyperlink engasetshenziselwa usetha kabusha iphasiwedi.

**Buza Abafundi Bakho**

Ingabe lokhu kuyindlela ephephile yini yokuqinisekisa ukuba umuntu ocela iphasiwedi entsha ngumnikazi?

Kuthiwani uma wabelana ngekheli le-imeyili ehlobene naleyo akhawunti?

1. Ilinki yokusetha kabusha iphasiwedi iyindlela ephephe kakhulu kulesi sikhathi,

kodwa uma wabelana nothile nge-akhawunti noma iphasiwedi, lokho kukubeka engozini.

**Tshela Abafundi Bakho**

Ukusongelwa kwezokuxhumana kungenziwa ngabantu abaxhumana nawe ngokuqondile futhi bazame ukukuheha ukuba ubanikeze imininingwane yakho. Ngezinye izikhathi, abantu bazokuthumelela i-imeyili bezena abanye abantu (njengomngane, ilungu lomndeni, noma omunye nje umuntu wasebhange) bese bekucela ukuba wabelane nabo ngemininingwane ebaluleke kakhulu (njengosuku lwakho lokuzalwa) ukuze baqinisekise ubukhona bakho. Lokhu kungacasha nakakhulu, njengalapho othile esongela i-akhawunti yomngane wakho yomthombo wezokuxhumana ngokukubhalela umlayezo (mhlawumbe nabanye abaningi) ekubuza ngosuku lwakho lokuzalwa noma lapho wakhulela khona. Uma uthola imilayezo enjalo evela kumngane wakho ikusolisa, ungafisa ukushayela umgnane wakho kuqala (ngaphandle kokusebenzisa ipulatifomu yomthombo wezokuxhumana) ukuze uqiniseke ukuthi uyena ngempela othumele lowo mlayezo.

Usahlelo olusebenzisa ama-imeyili noma izingosi zangempela lubizwa ngokudoba futhi lungaholela ekuntshontshweni kokwaziswa kwakho siqu. Ngokwesibonelo, ontshontsha ukwaziswa komuntu siqu angavula amakhadi akho esikweletu egameni lakho futhi awasebenzise, okungakwenza kube nzima ngawe ukuthola ikhadi lesikweletu lapho usukhulile.

Ukudoba kungavumela isigebengu ukuba sizenze wena futhi sithole ukwaziswa kwakho, okuzosenza sibuke ama-imeyili akho, sithumele abangane bakho imilayezo sizenza wena, noma sintshontshe imali yakho. Le nqubo ingavumela nesigebengu ukuba sikubhulokhe kwi-akhawunti yakho ngokwenza iphasiwedi entsha wena ongayazi.

# Isabelo

## Iphepha

### Isabelo

Cela ababambiqhaza baphendule le mibuzo elandelayo futhi bafake izimpendulo zabo ngamagama noma imibukiso Ephepheni Lokufunda Ngamaphasiwedi.

1. Yikuphi ukuqonda okukathathu okukuleseshini ozokusebenzisa ngokuzayo lapho wenza iphasiwedi?

2. Kunini lapho uzizwa kwangathi kulungile ukwabelana ngephasiwedi yakho nomunye umuntu?

3. Yimaphi amasu amathathu ongawasebenzisa ekwabelaneni ngokuphephile nothile ngephasiwedi yakho?

4. Yiziphi izibonelo ezintathu zokungadala inkinga uma iphasiwedi iwela ezandleni ezingafanele?

Le nsiza kufunda ye-Inthanethi yenziwe Ngezenstha Nemediya eBerkman Klein Centre; Inhlangano ye-Harvard University ngaphansi kwelayisensi ye-Creative Commons Attribution-ShareAlike 4.0 International. Ungakusebenzisa lokhu, uphinde ukukopishe futhi ulungiselele nemisebenzi yokuthola, kungakhathaliseki ukuthi uzuza imali noma cha, uma nje ubeka Intsha neMediya njengomthombo wokuqala futhi wabelana ngeminye imisebenzi ngaphansi kwemigomo efanayo. Lezi zinsiza zokufunda ezengeziwe zikhona nakuyi-Intanethi Kwipulathifomu Yemfundo Yedijithali ka-Berkman Klein.